INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021

USUKU LWESISHIYAGALOLUNYE: 18 March 2021 Josefa Ocwebileyo, Mmeli wokufa okuhle

Josefa Ocwebileyo, ngikubiza ngo “mmeli wokufa okuhle” ungisize ukulungiselela isikhathi sokufa kwami. Ngikholwa ukuthi wafa ukufa okuhle okuyingcwele ngoba uJesu noMaria babeseduze nawe nokuthi ukufa kwakho kukhombisa ubungcwele bempilo yakho. Ngikhuleka ngokunxusa usivikele ekufeni singazilungiselele nokusheshayo. Josefa Ocwebileyo, Siyambonga uNkulunkulu ngelungelo lokuthi ufele ezandleni zikaJesu noMaria. Nami futhi, ngiyavuma ukufa ngenhliziyo evumayo entandweni kaNkulunkulu, nokufa njengawe, ezandleni zikaJesu noMaria. Ngicelela, Josefa Ocwebileyo nabo bonke abathandekayo kimi nalabo abangabami, ukunxuselwa kwakho okukhulu. Ngiyacela ngothando lukaJesu noMaria ungangishiyi empilweni yami ungisize esikhathini sokufa kwami.

Jesu noMaria noJosefa, ngiyaninikela inhliziyo yami nomphefumulo wami. Jesu noMaria noJosefa, ngisizeni osizini lokufa kwami. Jesu noMaria noJosefa, umphefumulo wami uze umuke nani ngoxolo. Amen.

Josefa Ocwebileyo othandekayo, mlandeli othembekile kaJesu Kristo, Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliziyweni enobuNkulunkulu kaJesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje…… Mlondolozi weLizwi elaba umuntu, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.

UMKHULEKO WONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakaJesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

Ngesibomu sikaPhapha uFrancis

Baba wethu,……

Yethi Maria,…….

Udumo alube…….

Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla elingcwele, sikhulekele